

UMPHUMULO HOSPITAL



Vision of an Eagle

ZIBANDLELA NO MASINGANA
2004/5

EZIVELA KUMPHATHI WESIBHEDLELA...

INSIDE THIS ISSUE:

<i>Umpathhi wesibhedlela</i>	1
<i>Abasebenzi abasha</i>	1
<i>Usuku lwengculazi</i>	2
<i>Ukhisimuzi egumbini labantwana</i>	3
<i>Ezasemithini</i>	3
<i>Ezivela kwezobukhulu nokudla okufanele</i>	4
<i>Usuku lwemikelomelo</i>	4

IZIMEMEZELO

- Sicela nisixhase ngezincwadi zokufunda ezizoba kumtapo lwazi lwethu (thintana ne PRO u Sandra)
- Udokotela wokukhuluma nezindlebe usekhona thintana no Lee-Anne ku nombolo 4168
- Izinkonzo zisekhona futhi ziyaqhubeka niyamenywa ngobuningi benu. Ziba njalo ngolwezibili e Chapel noma kwelinye lamaqumbi eziguli. Isikhathi kusayilo ihora lesikhombisa ntambama.



Kuyamangaza ukuthi lelibhuku kube elokuphela nokuqala konyaka. Unyaka ka 2004 ufikile wedlula futhi uyokhumbulela njengonyaka ebesiqeda iminyaka eyishumi kuhulumeni weningi. Unyaka wokukhumbulela ngezinqinamba eziningi nezibophezelo ezanikezwa imikhakha eyahlukene yesibhedlela ukuze bazifeze zonke ngendlela nokuqophelela.

Umbuzo uthi, ingabe Umpumulo wenze kanjani? Ingabe isibhedlela siphumelelile yine ukufeza izinhlelo? Ingabe sikwazile yini ukuphumelelisa izidingo zempilo zezakhamuzi zakwa-Maphumulo? Ingabe izakhamuzi zikuthozelile yini ezikukhokhelle? Ingabe imibono yabo ibilalelwa yini? Sithithini ke ngalabo abangaphakathi- ingabe bona izikhalo zabo bezizwakalana? Yonke lemibuzo esibuziwe iphonsa inselelo kulonyak

omusha, lapho se-sizozipholela ezinhlelo ezintsha ezizokwenziwa yiwo wonke umuntu. Lezizinhlelo belu, kufanele ziphelezwe ukugcinwa kwesikhathi esizinqumele sona, izifiso esifisa ukufinyelela kuzo nendlela yokubona inqbekela phambili ukuze ekupheleni konyaka sibone umehlulo phakathi kokuqala nokuphela konyaka.

Abaphathi bafisa ukubonga bonke labo abenze kahle ekuhlangabezeni umbono nomgomo wesibhedlela. Kulabo abasebenza unyaka owodwa sithemba ukuthi ninemicabango emihle ngathi. Kulabo abalahlekelwa noma ngayiphi indlela, siyewelana kakhulu nani. Kulabo ababebhekene nobunzima ku 2004, u 2005 awube ngcono. Kubobonke abafike ngonyaka odlule Siyanemukela ngezandla ezimhlophe.

Abaphathi bafisa ukwamukela odokotela abasha bemikhakha yonke abozoba nathi lonyaka kuphela. Siyethemba nizoba nokuhlala obunofoto nibuye sefunde kakhulu.

MRS T.D. CHILIZA
HOSPITAL MANAGER

UKHISIMUZI OMUHLE

Saba nenhlamba enkulu kabi ukuthi sizitholele ingelosi eyazizwa izikhalo zethu ephephandabeni las-eStange, ukuthi basiphe izipho zezingane ezazilele la esibhedlela ngokhisimuzi.

Umpathhi wodokotela no Dokotela omkhulu, Dokt. Paratszak no Dokt. Pharik bebehlanganyele kanye nathi ekupheni izingane izipho egumbini lezingane. Sibonga kakhulu kubobonke abasilekelela ekucazeni lezizipho ezinhle kangaka.

Sibonga u Fiona, umndeni nabangane bakhe ukwenza umehluko kulabomuntuza abagulayo bengekho eduze kwabathandiweyo yabo kule-sisikhathi esimnandi sikakhisimuzi, bona, besezinhlungwini.

ABASEBENZI ABASHA

Xaba N.—Prof. Nurse
Khumalo N.—Prof. Nurse
Ndlovu B.—Artisan
Pillay T.—Radiographer
Mhlekezzi—S. Senior Radiographer
Christopher N.—
Physiotherapist
Bodasing Z.S.—Med. Officer

Naidoo P.—Speech Therapist
Damon M.M.—Med. Officer
Mathenjwa Z.N.—Med. Officer
De Carvalho B.R.— Med. Officer

ABAKHUSHULELWE EZIKHUNDLENI EZITHE XAXA

Kotagiri U.S.S.R.R.—Chief Med. Officer

ABASHONILE

(Dec. & Jan.)

Sihlangu L.
Mthiyane S.J.

USUKU LWENGCULAZI EMPHUMULO



**I CHAPEL YAYIHLOTSHISWE
IYINHLE KANJE!**



**UMF. CEBEKHULU WAVULA
UMCIMBI NGOMKHULEKO**



**UMPHATHI HLELO UMNUZ. SSS
MAJOLA**



**UNKK CHILIZA WEMUKELA
BONKE ABABEKHONA NGA-
LOLOSUKU**



**ISIHAMBELI SETHU SOSUKU U
MNUZ. SBUSISO MBHELE
WAKWA NETCOM**



IZIKHULU ZETHU ZOSUKU

USUKU LWENGCULAZI

*“Bona ngezithombe
ukugujwa kosuku
lwengculazi”*



**IKWAYA I FRIENDS YANAN-
DISA NGOMCULO**




**ITHIMBA LASE V.C.T. ALI-
ZANGE LIFUNE UKUZIBEKA
PHANSI NALO NGA-
MAPHIMBO ABO AMNANDI**

UKUKHANYISWA KWAMAKHANDLELA SIKHUMBULA ABATHINTEKILE NABANASO ISANDULELA NGCULAZI



**IZIHAMBELI ZETHU ZAK-
WANETCOM ZIKHANYISA
NAZO AMAKHANDLELA**



**UMPHATHI WABAHLengi-
KAZI EDLULISA AMAZWI
OKUBONGA**



ABANYE BABASEBENZI

HO!HO!HO! UKHISIMUZI OMUHLE EGUMBINI LABANTWANA




U Fiona ingelosi yethu



Udokt. Parik enikeza enye yezingane isipho



Unesi N. Ngubane akazibekanga phansi



Fiona, izingane zakhe nomngane wakhe uMpho. Namaphasela abasixhase ngawo.



UNkk Nzama esiza u Dokt. Parik



Naye uMnuz. C. Majola wajobelela ebumnandini enikeza umzali womunye umtwana isipho.

UKHISIMUZI EGUMBINI LABANTWANA UYAQHUBEKA...



UDokt. Paratzsak, umphathi wodokotela washiya konke ayekwenza wasijoyina naye ebumnandini buka Khisimuzi



Udokotela wamathambo UMnz. S. Blose azange afune ukusala ngaphandle naye



UNesi P. Mkhize naye samudonsela phakathi.

Siyabonga kini nonke ngendima enayidlala. Iyaphela

“yazi kabanzi ngemithi—Nadia Naidoo”

AMAGAMA EMITHI, ILOTSHWE NGU NADIA NAIDOO WASEMITHINI

Sekube khona ukudideka okukhulu ngamagama emithi ikakhulukazi esikhathini esedlule, ikakhulukazi ngamagama ezinto okuyizona ezisebenzayo emithini leyo. Ngiyethemba ukuthi namuhla ngizokuqeda ukudideka ebantwini.

Amagama ezinto okuyizona ezisebena kakhulu emithini awafani namagama umuthi oqanjwa ngawo uma usuyothengiswa kubantu.

Ngamanye amazwi umkhiqizi wemithi uyena oqamba umuthi lowo ngegama lelo aliqamba ngalo.

Ake ngeze isibonelo, inkampani I Adcock Ingram iwumkhiqizi we Panado, iPanado le iqanjwe yiyo lenkampani. I Panado ke inesithako esisebenza kakhulu ekuqedeni izinhlungu, njenge Parecetamol.

Manje ngikholwa ukuthi niy-

abona ke umehlulo wamagama wezinkampani ezikhiqiza imithi efanayo kodwa iyibize ngamagama ahlukene. Ngakho ke kumele niqaphele ukushintshashintsha kwamagama ngoba ahlala eshintshwa abakhiqizi abahlukene.

Kubalulekile ke ukwazi ngemithi eniyisebenzisayo. Kungcono abantu basebenzise amagama ezithako akuyiwo asebenza kakhulu emithini ukuze bangadideki.

Izindaba zaseMphumulo

Private Bag X9219
Maphumulo
4470

Phone: (032) 481 4168
Fax: (032) 481 2203
Email: H043154@dohho.kzntl.gov.za

We're on the web!

[Www.kznhealth.gov.za/umphumulohospital.htm](http://www.kznhealth.gov.za/umphumulohospital.htm)

NO NEWS IS OLD NEWS



EZOBUKHULU NOKUDLA OKUFANELE

UHLELO LOKUNAKEKELA ISISINDO

Ukuba mkhulu kakhulu weqe isisindo ofanele engabe uyiso, kuyingozi kakhulu empilweni yakho, ikubeka emathubeni wokuba nezifo eziyingozi njengokukhuluphala kakhulu, ushukela nesifo senhliziyo.

Kubaluleke kakhulu ukwazi ukuthi isisindo sakho ukuze wenze okufanele ngaphambi kokuba ungakwazi ukusizeka.

Udokotela walokhu ke uthanda ukusiza bonke abasebenzi abanogqozi lokunakekela izimpilo zabo ngokuqala loluhlelo lwesisindo. Uzobheka isisindo, ubude bomuntu ebese eyabona ke ukuthi usesimweni esinjani sempilo noma usengozini yokuba nalezizifo ebesezibaliwe ngendlela ophila ngayo. Uzothola ukusizakala ngokuthola uhla lwezinhlobonhlobo zokudla okufanele ululandele nokunciphisa isisindo uma kufanele. Kuyomele ke ubuye emuva kokufika okukuqala phela, khona kuzobonakala ukuthi ukhona yini umehluko.

Loluhlelo luzokwenziwa kanye ngesonto, ngoLwesibili kuphela. (Kuyadingeka ukuthi ubhalise kuqala).

“NDAWONYE ASIZAME IMPILO YOKUDLA EPHAKEME UKUNCIPHISA IZIFO EZIYINGOZI NGENXA YEZIMPILO ESIZIPHILAYO”

Ilotshwe ngu: T.C. Madlala

Udokotela onakekela izifo zobukhulu no kudla okufanele

USUKU LWEMIKLOMELO



Emisbenzini

yabo kwizinhlobonhlobo zemikhakha yesibhedlela.

Kulabonke ke labo abangazuzanga lutho, akusho

phela ukuthi abasebenzanga. Kusho ukuthi nabo mabazikhandle basebeze kakhulu bagqame ukuze ngozayo kube yibo abathola imiklomelo.

ayeshilo ukuthi umcimi onjengalona, umcimbi wokubonga nokuncoma abasebenzi abesebenze kokuzinikela okukhulu

**Khulani nikhokhobe
S'lindile Mabaso
&S'thembiso Blose**

Unkk. Thwala nguye owayenikezela ngemiklomelo.